Downloaded from Stanmorephysics.com
Confidential

# basic education

Department:
Basic Education
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

## SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS/ NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATIONS

Stanmorephysics.com

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)**

**IPHEPHA LESITHATHU (P3)**

**NHLABA/NHLANGULANA 2026**

**AMAMAKI: 100**

**ISIKHATHI: Amahora ama-3**

**Leli phepha linamakhasi ayisi-5.**

Downloaded from Stanmorephysics.com


**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZIMBILI:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Indaba | (50) |
| ISIQEPHU B: | Imibhalo emide edlulisa imiyalezo | (2 x 25) (50) |

**QAPHELA:** Abahlolwayo balindeleke ukuba baphendule imibuzo EMIBILI ESIQESHINI B.

2. Phendula umbuzo OWODWA ESIQESHINI A, NEMIBILI ESIQESHINI B.

3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.

4. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.

5. Bhala ukhombise amalungiselelo (isb. Asabulwembu/awumdwebo/ayifloshadi/ amaphuzu asemqoka), lungisa amaphutha uphinde ufundisise umsebenzi wakho. Amalungiselelo mawabhalwe ngaphambi kwempendulo.

6. Amalungiselelo owabhalile kumele abonakale. Uyayalwa ukuba lawo malungiselelo uwakhansele ngokudweba umugqa ovundlile ekhasini.

7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

ISIQEPHU A: Amaminithi ayi-100
ISIQEPHU B: Amaminithi angama-(2 x 40) 80

8. Ungaziguquli izinombolo zemibuzo. Zibhale njengoba zibhaliwe ephepheni lemibuzo.

9. Nikeza impendulo yakho isihloko esiyifanele. Amagama esihloko awabalwa, kubalwa amagama empendulo kuphela.

10. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com


## ISIQEPHU A: INDABA

### UMBUZO 1

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama angama-340 kuya kwangama-390.

Bhala inombolo noma isihloko sendaba yakho.

1.1 Kwathi khwasha! Kwasha! Sithe! Sacela empunzini **[50]**

1.2 Ubuqola budlondlobele ezweni lakithi **[50]**

1.3 'Kuye kubukeke sengathi kunzima uma ungakazami.' – Nelson Mandela **[50]**

1.4 Impilo iyaguquka ngokuphumelela kumatikuletsheni **[50]**


1.5 Umbono ngokwelashwa ngaphandle kokukhokha ezibhedlela zikahulumeni **[50]**

Izithombe ezilandelayo zichukuluza imizwa kanye nemicabango.

Khetha isithombe ESISODWA ubhale ngaso indaba. Bhala inombolo yombuzo 1.6, 1.7 NOMA 1.8 bese uyinika isihloko indaba yakho.

**QAPHELA:** Indaba yakho mayibe nobudlelwane nesithombe osikhethile.

1.6



[Sithathwe ku-South African Street Vendor pics] **[50]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO

### UMBUZO 2

- Phendula imibuzo EMIBILI kulesi siqephu.
- Bhala ngamagama ayi-100 kuya kwayi-120 umbhalo ngamunye.

2.1 **INCWADI YOBUNGANI**

Umfundi enifunda naye umatikuletsheni owayekulekelela ekufundeni isiZulu uLimi Lwasekhaya wehlelwe yingozi yemoto.

Bhala **incwadi** ukhombise ukuzwelana naye ngalokhu okumehlele. **[25]**

2.2 **INKULUMO ELUNGISELELWE**

Abazali bomngani wakho bakumemile babuye bacela ukuba wethule inkulumo emcimbini wosuku lokuzalwa kwakhe.

Bhala **inkulumo elungiselelwe** ozoyethula kulo mcimbi. **[25]**

2.3 **I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO**

Intsha yesigodi/yesigceme sangakini ibibambe umhlangano wokulwisana nesihlava sokudla izidakamizwa.

NjengoNobhala wentsha bhala **i-ajenda namaminithi** alowo mhlangano. **[25]**

2.4 **INKULUMO-MPENDULWANO**

Uthishanhloko ukuthole ubhala umbhalo olumelayo (igrafithi elumelayo) ezindongeni zesikole.

Bhala **inkulumo-mpendulwano** uthishanhloko abe nayo nawe ehhovisi lakhe. **[25]**

2.5 **I-IMEYILI**

Ikhansela langakini likhetha iphela emasini ngokunikezela ngamathuba omsebenzi entsheni.

Bhala **i-imeyili** ukhalaze ngalo kubaphathi boMkhandlu. **[25]**

2.6 **ISIBUYEKEZO**

Bekunendumezulu yomcimbi wokubungaza amagugu esintu endaweni yangakini.

Bhala **isibuyekezo** salo mcimbi obuyindumezulu. **[25]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 50**
**AMAMAKI ESEWONKE: 100**